# UKUPHELELA

. . .Nokuba lapha ukukhonza kanye nani. Futhi manje ngaphambi koMlayezo nje, nginomngani wami omuhle lapha emsamo kulokhu ukuhlwa, uDokotela Lee Vayle, ovela ebandleni iFirst Baptist eLima, eOhio, obengomunye wabaxhasi ngezimali bami emhlanganweni waseLima. Ngambuza, ngiza ngehla kulokhu kuhlwa, ukuba ubengasho izwi nje ebandleni, mhlawumbe eliphathelene nomhlangano waseLima, okomzuzwana olandelayo noma emibili. Futhi ngiyajabula uku, ngiyajabula ukwethula kini kulokhu ukuhlwa, uDokotela Lee Vayle, omunye umBaptisti onoMoya oNgcwele.

2 [UMfowethu Lee Vayle ukhuluma imizuzu eyishumi nane, efakaza ngabantu abaningi abaphilisiweyo.—Umhl.] Amen. UNkulunkulu akubusise, Mfowethu Vayle, nawe.

3 Lokho bekungokuhle okuqinile okomfundisi oyiBaptisti, bekungesikho na? Awu, siyajabula ukuba noMfowethu Vayle kanye nathi. Futhi ngokwempela iminyango ivulekele yena ukuba aphinde abuye futhi asivakashele noma ngasiphi isikhathi anaso. Futhi manje kulokhu ukuhlwa . . .

Kusasa ebusuku yi—*UKumbelwa* kweNkosi uJesu.

4 NgeSonto ekuseni inkonzo yehora lesithupha nqo yokuphuma kwelanga. Futhi ngiyakholwa ukuthi umfowethu umemezele ingxenye eqhubekayo yenkonzo.

Manje asikhuleke umzuzwana nje.

5 Nkosi ebusisiwe, IZwi laKho liyiQiniso, futhi siyabonga ngendoda eLiphathayo, ngokungesabi, besaLinikeza ngaphandle kubantu. Futhi sisavula iBhayibheli kulokhu ukuhlwa, noma sisapheqa amakhasi Alo, makuthi uMoya oNgcwele obusisiwe uze futhi uvule iZwi lokuqonda kithi. NgoJesu Kristu, siyakucela. Amen.

6 Lobubusuku obukhulu esibugubhayo, bokubethelwa kweNkosi yethu ebusisiwe, ngifisa ukufunda kulokhu kuhlwa kuvela ezindebeni zaKhe uQobo eziligugu, amaZwi Awalobe eNcwadini yaKhe. KuMathewu oNgcwele, isahluko se 4, si . . . nevesi la 47 na 48, sifunda lokhu:

> *Futhi uma* ni*bingelela abafowenu bodwa,* ne*nza lukhulu luni na? abenzi njalo nabezizwe na?*
>
> Kodwa *manibe ngabapheleleyo, njengokuba uYihlo wasezulwini ephelele.*

7 Futhi kulokhu ukuhlwa sinikeze ukuthi sizokhuluma ngesifundo so*Kuphelela*. Manje si . . . Lokho kubukeka njengendikimba engejwayelekile ngempela ukuyithatha okobusuku bokubethelwa kweNkosi yethu. Kodwa namuhla,

mhlawumbe, benilalele emsakazweni, futhi nezwa imilayezo eyehlukene nezithunywa, ukuthi balethula kanjani lolosuku olukhulu olubi ngesikhathi iNkosi yethu yafela izono zezwe. Ngakho ngikhethe, kulokhu ukuhlwa, ukuzungeza ngendlela eyehlukile, ukufika kukho, ngakho kuzoba okwehlukile kancane futhi kungahle kunihlumelelise kancane. Futhi kwangathi uMoya oNgcwele obusisiwe uphefumulele iZwi manje sisenza umzamo wokuLiletha.

8 UNkulunkulu udinga ukuphelela. Sifuna ukubeka lokho engqondweni, ukuthi akukho lutho nje okuyingxenye okungaya eBukhoneni bukaNkulunkulu. Kufanele kuphelele, ukukhonza kwethu, yonk'into.

9 Manje, ensimini yase-Edeni, uNkulunkulu wayenoAdamu noEva ensimini. Futhi bona futhi bephula imithetho kaNkulunkulu, ngokona, ukungalaleli. Futhi uma ukuphambuka kuza, ukungalaleli ngukuphambuka emthethweni. Futhi umthetho kaNkulunkulu, Yena engongcwele, nje ubungcwele obungaphingiwe, ngakho-ke akukho bala lokungabingcwele elingake lime eBukhoneni baKhe. Ngakho, uma isono seza ezweni ngokuphambuka, ngakho isono sifanele sisentshenzwe ngaphambi kokuthi isoni singake size sime eBukhoneni kukaNkulunkulu.

10 Manje, uma kungenamthetho, khona-ke akunabulungiswa. Kepha umthetho wawudinga, noma, ubulungiswa budinga umthetho. Nomthetho, uma u—usentshenziswa, uveza ubulungiswa.

11 Manje, ngomthetho, akukho nyama esindiswayo. Manje, umthetho ungeke usisindise. Umthetho wawuyinto nje yokusifaka ejele, kodwa awunamandla okuhlenga. Umthetho wasikhombisa kuphela ukuthi siyizoni, futhi wasilahla. Umthetho wenza lokho. Ukuletha ukulahlwa, noma ukukukhombisa ukuthi iphutha lakho likuphi. Ngakho umthetho, kuwo uqobo, ungeke wasindisa. Bewungashushisa kuphela.

12 NoNkulunkulu, engongcwele nonobulungiswa, Wayefanele abe nokushushisa. Wayefanele ashushise isoni ngoba saseqe imincele yomusa, futhi saba isakhamuzi esiyisephulamthetho. Ngakho-ke, kufanele kusetshenzwane naso.

13 Futhi wonke umthetho unesijeziso, ngokuba, isijeziso sokwephula umthetho kaNkulunkulu ngukufa. Futhi sasifanele ukuveza ukufa ekuphileni ohlangeni lwesintu. Futhi bonke abohlanga lwesintu ungaphansi kwesijeziso salomthetho.

14 Manje, ngenkathi uAdamu noEva sebonile, kwakungekho ndlela, kungekho elinye ikhambi ukuthi babengake bame eBukhoneni bukaNkulunkulu futhi, ngaphandle kokuthi lesisono kusetshenzwane naso. Futhi akhekho umuntu ongenza isono sanoma yiluphi uhlobo, akunandaba ukuthi sincane

kanjani noma sikhulu kanjani, lesosono somuntu ngamunye sifanele ukuba kusentshenzwe ngaso ngaphambi kokuba lowo osenzile aze ame eBukhoneni bukaNkulunkulu oNgcwele.

15 Ngakho, ngalokho-ke, lapho uAdamu noEva sebonile futhi baphambuka emthethweni, babebophezeleke ekufeni. Nomthetho kwakumele ugcinwe, ngakho-ke wabeka lonke uhlanga lwesintu ngaphansi kwesijeziso sokufa. Manje uma kuphela singahlala phansi isikhashana manje, ekucabangeni kwethu, futhi sibuke lesisithombe esikhulu, futhi sikhumbule ukuthi wonke umuntu lapha ufakiwe kulokhu. Yonke indoda nowesifazane, umntwana, ufakiwe esijezisweni sokufa, ngokuphambuka kwenhloko yohlanga lwesintu, uAdamu; ngokuphambuka kwakhe, thina sonke sawela ekubeni isisulu sesono.

16 Nesono kumele kusentshenzwane naso. Futhi ngakho, uNkulunkulu, ekungabini nasiphetho kwaKhe nothando lwaKhe olukhulu . . . Umthetho wawungukwehlukanisa isoni kuMenzi waso; ngakho wase eyashabalaliswa, futhi washabalaliswa ngokuphelele, kungebe nandlela kuye ukuba ake abuye ngaphandle kokuthi uma lesosono kwasentshenzwana naso. Futhi kungaba lula kakhulu-ke ukukholelwa ekushabalalisweni okuphelele kwesoni ekugcineni, ngoba ngokuphelele u, hlukanisiwe ingunaphakade eBukhoneni bukaNkulunkulu.

17 Manje qaphelani lesisono. Nokuthi kanjani uNkulunkulu, ongonobulungiswa, futhi Angenze lutho ngaphandle kobulungiswa, ngokuba Ungumthombo wabo bonke ubulungiswa, ngakho angeke kube nalutho olunye Angalwenza kodwa ukubeka isijeziso salokhu kuphambuka. Nesijeziso sasingukufa, ngoba Wathi, “Ngosuku enidla ngalo lapho, ngalolosuku niyakufa nokufa.” Manje, isithombe esimnyama esinaso lapha.

18 Kodwa manje-ke uma sibuyela emuva ngokuqhubeka kancanyana, futhi sithole zona impela izingxenye ezingahlukaniseki zikaNkulunkulu, iBhayibheli ngokusobala lisitshela ukuthi “uNkulunkulu uluthando.” Kodwa nokho, ewuthando, Ufanele abe nobulungiswa. Ngakho, uthando alusho ukuthi into nje engambambathwa futhi kudlalwe ngayo. Uthando lungubulungiswa bukaNkulunkulu.

19 Manje, ngenkathi uNkulunkulu esebonile ukuthi abantwana baKhe baphambukile emthethweni waKhe, nokuthi bafanele bafe ukufa, ngakho-ke uthando olubusayo lwangenelela ukwenza indlela. Ngokuba, uNkulunkulu wabona ukuthi lababantwana babemele babe ngoqobo, bashabalaliswe ngokuphelele eBukhoneni baKhe. Kwakungekho lutho olunye ukuba lwenziwe, ngoba bebaphambuke emthethweni waKhe, nesijeziso somthetho waKhe kwakungukufa.

20 Kwase kuthi-ke uthando lukaNkulunkulu lwaphumela ezikhonzini zaKhe. Futhi uma uthando lobuNkulunkulu luvezwa, umusa obusayo ukhiqiza umgomo wothando. NoNkulunkulu, ngokwazi ngaphambili, ngesikhathi Ethande uhlanga lwaKhe kahle kakhulu; nokho, ngesijeziso, Wabangela ukufa okwangena esikhundleni ukuba kwenzeke ensimini yaseEdeni. Lokho kwakungukuthi, Wafaka esikhundleni isidalwa esingenacala, iwundlu elincane elalingazi sono, futhi laba yisibambiso, ukuthi lisebenze nokuthi life esikhundleni sesoni esinecala. Futhi kwakuliwundlu, elabulawa, ukuba libambe impilo yezikhonzi zaKhe.

21 Kulolonke iTestamente eliDala banikela ngegazi lamawundlu nezimbuzi, imvu, izinkunzi nezithole, ukufa okume esikhundleni sokunye. Kodwa, konke emnothweni omkhulu kaNkulunkulu, kwakukhona ngemuva emqondweni waKhe iNto yangempela ezayo, ebizobakhona. Lezo kwakuzithunzi zeNto yangempela eyayizokuza. NeNto yangempela yayizokuza, kwakuyiNdodana yaKhe ezelwe yodwa. Wonke amawundlu afa kwakuyisithunzi kuphela. Nesithunzi kuphela uhlangothi inegethivu yento. Futhi zakhuluma kuphela ngeKalvari ezayo.

22 Manje okwesithombe salokhu, asiphenye emaBhayibhelini ethu, eNcwadini yamaHeberu, futhi sicoshe lapha ukuthi uPawulu, umphostoli omkhulu ekhuluma, ezama ukusehlukanisela lezizinto. Esahlukweni se 10 seNcwadi yamaHeberu, sifunda lokhu.

23 Futhi ngiyalithanda nje iZwi! IZwi liyiQiniso. Futhi ngiyathanda ukuLifunda phambi kwebandla lami, ngoba ngiyazi ukuthi ekwahlulelweni ngiyoma kanye nabo. Futhi kumele ngizilande. Ngakho uma ngiLiletha livela eZwini, lapho-ke angeke ngibenecala; ngoba YiZwi, futhi uNkulunkulu ubophezelekile eZwini laKhe.

24 Sibona okuningi namuhla, kwabavangeli nokunye nokunye, bakha ngasezimilweni. O, kuyinto eyihlazo! Futhi sithola ukuthi, ekuyeni emabandleni, siya ebandleni futhi uthole umalusi othize, unesithize esincane isenzo esimangalisayo ngaye, imizwa ethize emincane. Uma ungaqapheli, ibandla lonke lizothatha lowomoya. Uma nje enamadlingozi kancane, noma ekuhluthuleni ikhanda lakhe, noma okuthize okuncane okuyinqaba, awu, ibandla lonke lizothathisela kulokho. Futhi sinakho, namuhla, emabandleni ethu esimanje, lapho kungukuzwa nezinto ezincane ezinjengalezo. Futhi inokudideka okukhulu! Kodwa, o, bazalwane bami abathandekayo, uma kwake kwaba nesikhathi obekumele sibe ngaso eZwini, kunamuhla!

25 Niyabona, ngingazonda ukuma ekwahlulelweni futhi ngazi ukuthi nginokuthize okuncane okuguquguqukayo into yesambulo esimangalisayo, futhi ngadukisa abantu. Angifuni

babenomoya wami noma isenzo sami, kodwa ngifuna babe noMoya kaNkulunkulu ngeZwi likaNkulunkulu, elikhiqiza iQiniso.

26 Ngakho kulomcimbi omkhulu kulokhu ukuhlwa, ngithanda ukufunda eZwini likaNkulunkulu eliPhakade. Manje siyaqonda ukuthi umthetho wabakhona iminyaka eminingi, kodwa umthetho awukwazanga ukususa isono. Njengoba ngishilo kamuva, wawuyindlu yejele nje. Wawungumseshi omkhulu owakutshela ukuthi wenzeni, kodwa wawungenakhambi lokukukhulula. Wawukufaka esitolo esibolekisa ngemali kuthathwe isibambiso, kodwa kwakungekho Mhlengi ukukukhipha, ngawo. Ukuvalela ejele kuphela, ukukwazisa ukuthi wawuyisoni. Kodwa manje qaphelani kumaHeberu, isahluko se 10, sisafunda.

> *Ngokuba lokhu umthetho unesithunzi sezinto ezinhle ezizayo, ungesiwo umfanekiso wazo uqobo*. . .

27 Khumbulani, wawuyisithunzi sesithombe esizakuza. Isithunzi kuphela sethula ukuthi kunesithombe esenza isithunzi. "Isithunzi sezinto ezizayo, futhi kungesiso isithombe okuyisona kanye." Qaphelani, "sezinto . . . "

> . . .*umfanekiso wazo uqobo, ungeze waba namandla ngemihlatshelo* ebi*nikelwa*. . .*njalonjalo ukubenza baphelele labo* abasondelayo.

28 Manje, uNkulunkulu, ekuqaleni, wayedinga ukuphelela. UJesu, ngenkathi Efika emhlabeni, wathi, "Yibani ngabaphelele, njengalokhu uNkulunkulu eZulwini ephelele." Nomthetho, uyisithunzi sezinto ezizayo, wawungeke wenze isikhonzi ukuba siphelele. Niyasithola isithombe na? Manje asiye kukho futhi ukuze nibe nesiqiniseko ukuthi anikugeji. UNkulunkulu udinga ubungcwele obuphelele. Akekho ongama emfanekisweni waKhe, ebe enechashazana lesono. UJesu wafakaza okufanayo, wayesethi, "Yibani ngabaphelele, njengalokhu uNkulunkulu eZulwini ephelele."

29 NeBhayibheli lasho ukuthi, "Umthetho wawungeke, ngemihlatshelo yawo, wenze abasondelayo ukuba baphelele." Ngakho-ke, umthetho wawungeke uphelelise noma yini. Wawuyinkomba kuphela. Lemihlatshelo, eyayenziwa yonke iminyaka, wawungeke wenza isikhonzi ukuba siphelele. Ngakho ngakho-ke, akukho namunye ngaphansi komthetho, noma ogcina imithetho, noma ngaphansi kwezithunzi, ongaba ngophelele.

> Ngokuba (ivesi 2) *uma kwakungenjalo nga ingayekwanga* ukuba *inikelwe na?*. . .

30 Uma ngabe kukhona noma yini engingayenza ukuba ngizenze ngiphelele eBukhoneni bukaNkulunkulu, ngakho-ke uKristu kwakungamele ukuba angifele. Uma ngabe kukhona into yinye ongayenza, lokho bekungafanela noma

yini eBukhoneni bukaNkulunkulu, khona-ke uKristu wafela ize. Akukho kugcina umthetho, akukho mibono yemithetho engeyakho, akukho nakunye okobungcwele bakho uqobo, azikho izinto ongayekela ukuzenza, uyekele ukuqamba amanga, uyekele ukweba, uyekele ukubhema ugwayi, uyekele ukuya emibukisweni yesithombe, usalokhu ulahlekile. Akukho okungakwenza! Ukujoyina amabandla, izinkambiso, imicimbi, imibhaphathizo, izinqubo zebandla, ukufundwa kwezivumokholo, ukushiwo kwemikhuleko, zonke lezozinto zingebelutho. Ulahlekile! Akukhonto ongayenza kuwe uqobo, ngokuba uyisoni esingaphansi kokulahlwa. Futhi akukho ndlela kuwena, noma yisiphi isivumokholo, noma yini ongayenza noma uyicabange, ngawe uqobo, okungenza into eyodwa ifaneleke eBukhoneni bukaNkulunkulu, ngoba uyisoni kwasekuqaleni nje.

31 NeBhayibheli liyasho, ukuthi sonke sazalelwa esonweni, sabunjwa ebubini, sifika ezweni sikhuluma amanga. Futhi uNkulunkulu wayengethathe umuntu oyedwa ukuba afele omunye, ngoba ngamunye nje unecala njengomunye. EBukhoneni bukaNkulunkulu, umbhishobhi omkhulu owazalelwa kulomhlaba wayenecala naye nje njengesidakwa esikhulu sasebhaleni esiphansi ukubendlulula bonke kulelidolobha. Omunye angeke akwazi ukubuyisana nomunye.

32 Ngakho-ke, Wathatha impilo engenacala yesilwane, iwundlu elincane. Futhi ngaphansi kweTestamente eliDala, umthetho wawungukuthi, uma indoda yonile, yayiletha iwundlu e-altare. Asithi uma ephambukile kunoma ngabe yimiphi wemiyalo, wayeletha iwundlu futhi alibeke e-altare, abeke izandla zakhe phezu kwewundlu futhi avume izono zakhe, ukuthi ubesephutheni futhi azi ukuthi wayenecala. Le . . . futhi waye . . . Umthetho wabiza ukufa. Futhi waletha iwundlu esikhundleni sakhe. Futhi ngenkathi e . . . Umpimbo wesilwane esincane wanqunywa, bese liqala ukukhahlela ngezinyawo zalo ezincane, futhi likhala. Uma wake walibona iwundlu lihlatshwa, yeka ukukhala okulusizi! Umfo omncane bandla ezama ukukhala, futhi umthambo omkhulu wegazi osentanyeni yakhe omncane ujuquliwe. Futhi esakhahlela futhi eqhwisha, futhi esanaba, aphinde aqhwishe futhi akhale. Negazi liphuma litsaza, ligeza uboya bakhe obuncane nezandla zomkhonzi.

33 Futhi njengoba isikhonzi siqonda, ngokuphinga, ngokuqamba amanga, ukweba, noma ngabe kwakuyini icala lakhe, noma ngisho ukucabanga okubi, noma ngabe yini esithunzini esincane, wayenecala, ngoba kwakuyimvelo yakhe. Wayengumuntu onecala, hhayi mhlawumbe ngokufisa kwakhe, kodwa ngemvelo wayenecala. Futhi wayefanele aqonde ukuthi leliwundlu elincane elingenacala lafa endaweni yakhe. Futhi wayizwela ubuhlungu into encane.

34 Kodwa umuntu, masinya nje iwundlu ekugcineni lifa, negazi lewundlu phezu kwezandla zakhe, wayehamba asuke esakhiweni enesifiso esifanayo enhliziyweni yakhe, ayekade enaso ekuqaleni. Ngani na? Ngoba ukuphila okwakusewundlwini elincane...Ukuphila kuhlala egazini. Ukuphila kwakho kusegazini lakho. Siyakwazi lokho. Futhi ukuphila okusegazini lewundlu kwakungukuphila kwesilwane, ngakho-ke uma izakhi ezihamba emzimbeni ezincane sezidabukile nokuphila kwaphuma esilwaneni, kwakungeke kubuye esikhonzini, ngoba isikhonzi sasiyisidalwa esingumuntu.

35 Igazi lasibekela, kepha lalingeke lenze ukubuyisana ngokuphelele; ngoba umuntu washiya isakhiwo, enesifiso esifanayo sokona, njengoba wayenaso ekuqaleni. Kodwa, ukwenza lokhu, wayephokophelele esikhathini lapho kuyoba khona iWundlu eliphelele ukuba lifike. Futhi wakwenza ngomnikelo wokushiswa, ngoba kwakuyiyona ndlela kuphela ayazi ngayo.

36 Ngakho, niyabo, ngenkathi igazi liphuma lichitheka, nokuphila kwaphuma esilwaneni, kwakungeke kubuyele kumuntu; ngokuba, omunye wayeyisilwane, omunye wayengumuntu; isilwane esingenacala, kumuntu onecala.

37 Kodwa, o, ngelinye ilanga, iminyaka eyizinkulungwane ezimbili eyedlula, iWundlu likaNkulunkulu lazalelwa phansi emkhombeni omncane eBetlehema, futhi laholwa njengemvu ekuhlatshweni kwayo. Eminyakeni engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye eyadlula, kulentambama, ngehora lesithathu nqo Lafa. Futhi elingenabala, iWundlu elingasoleki likaNkulunkulu lalenga esiphambanweni saseKalvari futhi lafela sonke isoni. Manje uma isikhonzi siza kuleliWundlu, ngokukholwa! Futhi leli wuhlobo lweWundlu elehlukile. Akusilo iWundlu elifana namanye.

38 Akekho umuntu ongeza kuleliWundlu, uma uNkulunkulu engamdonsanga kuqala. Niyakubona ukubusa kukaNkulunkulu na? O, ngiyethemba lokhu kungena kujule manje. Bukani. UNkulunkulu wayazi ukuthi Wayenemvu kulelizwe. Wayazi ukuthi Wayezoba nabantu abazosindiswa, nothando lwaKhe lwabuka phansi lwase lubona labo abayosindiswa; ngakho-ke, ngokwazi ngaphambili, Wamisa ngaphambili iBandla ukuba lihlangane Naye ngale, lingenasihla nambimbi. Futhi uma uNkulunkulu adinga iBandla elingenasihla nambimbi, Wayemele abenento ethize yokulenza libe ngaleyondlela. Wayengeke alidinge, ubulungiswa baKhe, izehlulelo zaKhe zazingeke ziMenze afune into enjalo ukube yayingekho indlela yokukwenza.

39 Futhi umuntu angeke azenzele khona. Uyisehluleki sokugcina. UNkulunkulu wamenza abone lokho ngomthetho,

ngabehluleli, nangalo lonke iTestamente eliDala. Wathumela abaprofethi, Wathumela indoda elungile, futhi bathola ukuthi wonke umuntu wehluleka.

40 Ngakho, uNkulunkulu, ngomusa waKhe obusayo, wathumela, kusuka eminyangweni yeNkazimulo, iNdodana yaKhe ezelwe yodwa, ukuzothatha indawo yethu.

41 Khumbulani, ukube Wayengathi akube nguphapha waseRoma oyithathayo, wayengekwenze. Ukube Wayethe akube ngumbhishobhi omkhulu waseCanterbury ozokwenza, wayengekwenze. Ukube Wayebize ufata ongumfundisi ongcwele kakhulu noma umbhishobhi womhlaba, wangekwenze. Wayezokwaliwa masinyane kakhulu njengoba uJuda iSkariyothi wayenjalo. Wayengekwenze, ngoba wa "zalelwa esonweni, wabunjwa ebubini, wafika ezweni ekhuluma amanga," futhi edinga ukubuyisana kwasayena.

42 Haleluya! Kodwa nakho kufika Oyedwa ovela eminyangweni yeNkazimulo; akekho omunye, kungesiye umuntu, kungesiye umuntu okahle, noma umJuda okanye oweZizwe. Wayengesikho okungaphansi kukaNkulunkulu uSomandla, efihlwe enyameni yomuntu. Weza, qobo lwaKhe, ukuzonikela ngeGazi laKhe uQobo, ngoba aLivelanga ngocansi. Ucansi lwalungaphathelene ngalutho nakho. Kodwa Wasibekela intombi nto, futhi waveza kusuka engqamuzaneni leGazi Alidalayo, Yena uqobo, Ongenacala.

43 Ngakho-ke insindiso yami, yakho, kulokhu ukuhlwa, ayinciki ekufanelekeni kwethu uqobo. Incike emseni obusayo ovumayo kaNkulunkulu uMninimandla wonke Osikhethele kuYe. Impela. Ngingeke ngaba ngophelele, kanjalo nawe awusoze waba ngophelele. Futhi asizisho ukuthi singabaphelele. Kodwa sinalokhu ukududuzeka okukodwa, ukuthi, ukukholwa kwethu kulele eMhlatshelweni ophelele osuvele wemukeliwe!

44 Ngakho sazi ngani ukuthi sithola loKho na? Uma isikhonzi sibeka izandla zaso, ngokukholwa, phezu komzimba weNkosi uJesu, futhi ezwe ububi besono, nokukloloda kokukhafulelwa ngamathe ebusweni bakhe uqobo, uzwa ukububula kwaseGetsemane, ubuhlungu obukhulu baseKalvari, bese eyazi ukuthi unecala, bese evuma izono zakhe ngendlela eyiyo, "O Nkosi Ebusisiwe, nginecala. Futhi anginayo enye indlela ngaphandle kokuthi Wena ungisize. Futhi ngokukholwa . . . Uyayaleza, uMoya oNgcwele, ufikile wase ungiyala ukuba ngize. Futhi mina manje, ngokukholwa, ngemukela uJesu njengoMsindisi wempilo yami." Lokho kuPhila okuvela kuYe eKalvari, obizwa ngoMoya oNgcwele, owawufihlwe engqamuzaneni leGazi leNkosi uJesu, kubuyela esikhonzini bese iyambhabhathiza ngoMoya oNgcwele, eMzimbeni kaKristu.

45 Futhi Usevele wehlulelwe. Awusadingeki ukuba uzikhathaze ngokwehlulelwa. Ngisajika ngibuka umfanekiso wesiphambano omncane, ngiqonda lokho, ukuthi umelele umzimba waKhe. Futhi manje lowomzimba sewuvele wehlulelwe. UNkulunkulu ngeke aphinde awehlulele ngobulungiswa futhi, ngoba sewuvele wehlulelwe. UNkulunkulu washaya ngezehlulelo zokufa phezu kwalowomzimba. Futhi inqobo nje ngisakwazi ukuthola indlela yokuzifihla kulowomzimba! Ukwehlulela kwaKhe kwashayelwa mina nawe. Sikhululekile! KwabaseRoma 8:1, bathi, "Ngakho akusekho ukulahlwa kwabakuKristu uJesu, abangahambi ngokwenyama, kepha ngoMoya." Nakho lapho okhona, akusekho ukulahlwa! Anginendaba ukuthi kuzani noma kuhambani, ufihlwe ngaphansi kweGazi.

46 Futhi, singena kanjani kulowoMzimba na? KwabaseKorinte bokuQala 12:13, bathi, "NgaMoya munye!" Uza kanjani uMoya na? NgoMhlatshelo. Wawuhlezi kuphi uMoya na? Phakathi eGazini. Kungani isilwane sasingakwazi ukubuya na? Kwakuyisilwane. Umoya wesilwane wawungeke uze emoyeni womuntu futhi wenze utho kuwo, ngoba umoya womuntu wawungukuphila okungaphezulu kunesilwane. Kodwa awukho umoya womunye umuntu ongaphinde ubuye. Uma unomoya wedlozi othize, ukukhonza abafile. Kodwa uNkulunkulu qobo lwaKhe weza, ukuthi uMoya Wakhe uQobo, ongumoya ophakeme okhona, ungakwazi ukubuya ngesimo sokubhabhathizwa ngoMoya oNgcwele, esikhonzini, ngeGazi likaKristu, bese umthatha umfaka eMzimbeni. Uphephile!

47 Bhekani. Igazi lezinkunzi nezimbuzi lalingakwazi ukusebenza, ngokubonakala ukuthi alinamandla. Manje ake siqale ukufunda, cishe evesini 12. Kulungile. Igazi lezinkunzi nelezimbuzi lalingakwazi ukusebenza, kanjalo futhi lalingakwenzi ukubuyisana. Bhekani.

> *Kepha yena,* (Muphi uMuntu? Umbhishobhi? Qhabo. Uphapha? Qhabo.) . . .
>
> *Kepha yena, ese . . . nikele ngomhlatshelo waba munye ngenxa ye*sono *ingunaphakade, wahlala phakade* nga*kwesokunene sikaNkulunkulu;*
>
> *Usalindele izitha zakhe zize zenziwe isenabelo sezinyawo zakhe.*

48 Nilungele? Nililungele iZwi na? Lalelani Lokhu, khona-ke ngifuna ukuthi niKuvumele kungene kujule phansi. Lalelisisani.

> *Ngokuba ngomnikelo munye* (hhayi unyaka ngonyaka, hhayi imvuselelo emva kwemvuselelo, hhayi umhlangano emva komhlangano, hhayi usuku emva kosuku) . . .
>
> Kodwa *ngomnikelo munye* u p-h-e-l-e-l-i-s-e (benzile na? Wenzile!) . . .

> . . .*ngomnikelo munye uphelelise* (lokho kungokudingwa nguNkulunkulu) *njalo njalo labo abangcwelisiweyo.*

49 Nakho lapho okhona. Yileyo impendulo ngokufa kukaKristu. Yileyo impendulo ngeKalvari. Yena ngokuphelele, ngeGazi laKhe uQobo, wathenga izono zethu, futhi waphelelisa ingunaphakade, amakholwa aKhe. Ngakho-ke, kuKristu sima singasoleki, siphelelisiwe eBukhoneni bukaNkulunkulu uSomandla. Singabantu abacindezelekile ngokwamathuba, ngezimfundiso zethu uqobo; sonke sifundiswe ukuthi kumele sivukele endaweni thizeni, kumele senze into ethize. Qhabo, mfowethu, akusikho okwenziwe nguwe; yilokho uNkulunkulu akwenzela khona! Manje sesi, uma sesilungisisiwe ngokukholwa, singabaphelelisiwe ingunaphakade eBukhoneni bukaNkulunkulu.

50 Ngakho uJesu wathi, "Ngakho yibani ngabaphelele." Ngakho-ke, kwapheleliswa ingunaphakade. UNkulunkulu, ngokufa kukaKristu, eminyakeni engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye eyadlule, namuhla, uphelelise ikholwa, lokho Alibona ngaphambi kokusekelwa kwezwe, ingunaphakade. Futhi labo Ababizile, Ubalungisisile. "Labo Abazi ngaphambili, Ubabizile; labo Ababizile, Ubalungisisile; labo Abalungisisile, usevele Ubakhazimulisile." Uphelelise amakholwa Akhe!

51 Manje bhekani, ake sibuyele emuva manje evesini 1.

> . . .*umthetho unesithunzi sezinto ezinhle ezizayo, ungesiwo umfanekiso* walezo *uqobo, ungeze waba namandla ngemihlatshelo* eya*yinikelwa iminyaka ngeminyaka ukubenza baphelele labo* osondelayo.

52 Bhekani "ukuphelela," yilokho esikhuluma ngakho.

> *Uma kungenjalo nga* inga*yekwanga ukunikelwa na? ngoba lokhu phela* okhonzayo *sebehlanjululwe kanye* babe*ngasayikuba novalo nge*sono.

53 Usho ukuthini na? Igama *nembeza* lapho, futhi elikahle, ukuhunyushwa, nguku "fisa." Futhi uma umuntu eza, isikhonzi, ngendlela ekahle, phambi kukaKristu, ebona ukuhlushwa kwaKhe, futhi uzinikela yena uqobo kuKristu, futhi athi, "O Nkosi uNkulunkulu, akunalutho kimi okungabuyisanisa, kodwa ngencike kuWe wonke," ngakho lowoMoya oNgcwele ungena enhliziyweni yomuntu, wona kanye umbuzo wesono uqedwa ingunaphakade, ngokuba sonke isifiso sesono sesisusiwe kuwe. Ngokuba uma umthetho wawungakwenza lokho, leyomihlatshelo yayingamele ime; kodwa ngenxa yokuthi wawungekwenze, uKristu kwadingeka afe, ukuba asiphelelise.

54 Bangani, ziningi kakhulu izinto ebesingazisho kulokhu ukuhlwa, ngokuphelela. Njalo sizama ukukhipha amehlo komunye, ukuze sizenze abangcwele kangconywana kunoma

benjalo—benjalo. Kodwa ukuba sibuke kuphela esithombeni, kungumusa kaNkulunkulu kuphela ukuthi siyilokhu esiyikho.

55 Lapha esikhathini esithize esedlule, eOhio, ngafunda isifundo ngendlela enzima. Nganginomhlangano ezansi eOhio, futhi ngangihlala ngaphandle ezweni. Ngenxa yezixuku, ngangingakwazi ukuhlala edolobheni.

56 Sasikade sidla endaweni yokudlela encane iDunkard. Noweta abancane abathandeka kakhulu, futhi begqoke ngokuzotha, futhi behlanzekile ngakho konke, benjengenenekazi impela, basiweta. Kwakuyindawanyana yasezulwini, ukudlela endaweni enjalo. Ikhishi labo lalihlanzekile linakekelekile. Futhi ngeSonto bavala base beya ebandleni labo. Ngalamba kancane, ngangizoshumayela ngeSonto ntambama.

57 Ngase ngiya kweyejwayelekile encane. . .indawo yokudlela encane nje yaseMelika, ukuba ngithole engingakudla. Futhi uma ngingena emnyango, yini engayizwa ngaphandle komshini wokugembula owawuqhubeka! Futhi kwakumi lapho indoda enguntanga wami, okungenzeka ukuthi yayiyindoda eshadelwe, nengalo yayo igaxe owesifazane, idlala umshini wokugembula. Umthetho wethu impela, ukuvikeleka kokulunga kwethu, kwezinto zethu, yayimi lapho iphula into eyayifanele iyivikele. Ngoba, akukho emthethweni ukugembula eOhio, ukudlala umshini wokugembula.

58 Futhi ngaphenduka ngase ngibuka ngasemuva kwesakhiwo, kwakunesixuku sabafana abayinjejane, namarekhode amadala omculo wokuzibinya akulowomshini, edlala. Inenekazi elincane elithi alibe cishe seminyakeni eyishumi nesishiyagalombili ubudala, enhlanzeke kakhulu esiqwini sakhe njengowesifazane. Kepha wayemi lapho nengubo yakhe ihula phansi ngaphambili, nomunye walabo bafana ebeke izandla zakhe entombazaneni, lapho bebengafanele bebekhona. Futhi babebhema futhi bephuza.

Ngase ngicabanga, "O Nkulunkulu, Ungakumela kanjani na?"

59 Ngase ngibuka ngale ngakwesokudla sami, lapho ngizwa omunye enza ukububula okukhulu. Futhi lapho kwakuhlezi owesifazane osekhulile, ocishe abekiseke emashumini ayisithupha eminyaka, noma iminyaka engamashumi ayisikhombisa ubudala. Wayegqoke lezozimpahla ezindala zenhlamba, nje zimaphakathi phezu kwemilenze yakhe, nenyama yakhe endala eshwabene yayintecentece nje ngakho konke. Futhi wayefake lokhu lapha okokupenda udebe, nento enkulu okubukhwebezane nganhlanye kobuso bakhe, kupendiwe; egqoke ipheya lezicathulwana, amasandali, nezinzipho zezinzwane ezibukwebezane, zipendiwe; nezinzipho zeminwe ezibukhwebezane, ezipendiwe. Nezinwele zakhe

zigundwe zamfishane impela, futhi zisongelene, futhi zadaywa ngokuluhlaza sasibhakabhaka. Futhi ngambuka.

60 Nangale kwetafula kwakuhlezi indoda amabili, edakiwe. Enye yawo (kwakuyisikhathi sasehlobo) nejazi elikhulu elidala lempi iligqokile, nesikhafu esimpunga sizongoloze entanyeni yayo, namadevu bonke buso bayo, ibhodla futhi iqhubeka. Base bezicelela uxolo, indoda yazicelela, kuyena owesifazane, yase iqala ukuhamba yaphuma *kanje*, iya endlini yangasese.

61 Ngama lapho. Ngase ngithi, "Nkulunkulu, Awuyibhubhisi ngani yonk'into na? Awukucwilisi ngani ngaphansi komhlaba na?" Ngathi, "Ngabe uSarah wami omncane noRebekah bazomele bakhule ngaphansi kwento enjengaleyo na?" Ngathi, "Ungenza kanjani, Nkulunkulu, ebungcweleni baKho obukhulu, ukuthi uke ume ubuke into ethize enjalo, futhi ungathumeli ukuzamazama komhlaba ukucwilise na?"

62 Futhi ngisame lapho, ngilahla owesifazane ngecala, ngisenza lokho, ngahlehlela emuva ngemva komnyango. Ngezwa uMoya kaNkulunkulu uza kimi, ngase ngima emva komnyango.

63 Ngase ngibona into engathi isishingishane. Ngenkathi kwenza njalo, embonweni, kwakungumhlaba uguquguquka. Futhi ngisaqaphelile, okwakukake umhlaba kwakungumusho obomvu, ukake umhlaba. Uma ngisangena emhlabeni, ngazibona mina uqobo, umfanyana nje, ngenza izinto enganingamele ngizenze; mhlawumbe kungesikho ka*njalo*, kodwa kwakuyisono. Futhi sonke isikhathi uma ngenza noma yini, ngangibona lelothunzi elikhulu elimnyama libheka ngaseZulwini. Okungukuthi, uNkulunkulu ngabe wangibulala ngalowomzuzu.

64 Ngase ngibona kumi phakathi kwami noNkulunkulu, kumi lowoMhlatshelo ophelele. Ngambona Yena eme lapho nameva ekhanda laKhe, namathe elenga ebusweni baKhe. Futhi sonke isikhathi izono zami zaziqala ukuya ngakuNkulunkulu, Wayesondela asibambe, njengobhampa emotweni. Wayengivikela ekufeni. Futhi kwakuthi sonke isikhathi uma ngenza noma yini eyiphutha, uNkulunkulu ngabe wangibulala. Impela, ubungcwele baKhe budinga khona. Umthetho waKhe udinga khona. Futhi sonke isikhathi uma ngenza noma yini, noma wena wenza noma yini, iGazi likaJesu Kristu lisebenza njengobhampa. Futhi ngabona ukuthi lowomusho obomvu wawusho lokho, ke, ukuthi iGazi lisalokhu lisawubambile umhlaba.

65 Futhi ngisamile, ngibuka, ngasondela eduze naYe ngisaMqaphela. Futhi ngangiMuzwa ethi, "Baba, mthethelele, akakwazi akwenzayo." Futhi ngabuka phansi, futhi lapho kuhlezi incwadi. Futhi kwakuneNgelosi erekhodayo lapho, futhi ime ngaseceleni kwaKhe. Kwakuthi njalo uma ngona, kwakubhalwa phansi encwadini. Negama lami lalikuyo. Ngase

ngiyaqonda ukuthi ngelinye ilanga, ngi. . .lowomusho weGazi wawuyophakanyiswa futhi kwakuyomele ngime eBukhoneni bukaNkulunkulu, nempilo yami yokona. Kodwa, ngabona, ngomusa waKhe Wayegodle ukwehlulelwa kwami.

66 Ngaya kuYe, ngokuzithoba. Ngaguqa ngamadolo ami, futhi ngathi, "O Jesu, Wena Ndodana kaNkulunkulu, angifanele ukuza eBukhoneni baKho. Kodwa Ungangixolela ngalokho engikwenzile na?"

67 Wathinta uhlangothi lwaKhe ngesandla saKhe, wathatha incwadi endala wase eloba ukuthi "uxolelwe" kuyo, wayijikijela ngemuva emva kwaKhe, nezono zami zasezihambile! Wase-ke Engibuka, wangigqolozela ngqo ebusweni, Wathi, "Manje ngikuthethelele, kodwa ufuna ukumlahla ngecala yena." Ngase-ke ngibona ukuthi kwakusho ukuthini.

68 Ngisaphuma embonweni, ngahamba ngaya kuye owesifazane. Ngathi, "Sawubona?"

69 Wayephuza. Wangibuka phezulu, wayesethi, "O, halo."

Ngathi, "Ngingahlala phansi na?"

Wathi, "Kukhona engihamba naye."

70 Ngathi, "Angikuqondile ngaleyondlela, nenekazi. Ngifuna nje ukukhuluma nawe, umzuzu."

Wathi, "Ungahlala."

71 Ngase ngithi, "Nenekazi, emizuzwini nje embalwa eyedlule, ngimi ngale emva kwalowomnyango. . . " Ngaqala ukumtshela. Ngenkathi ngisaqala ukubuka, izinyembezi zaqala ukwehlela ezihlathini zakhe. Wase engitshela. . .Ngathi, "Nenekazi, awuqondile ukwenza lezizinto. UJesu wafa, futhi izahlulelo zikaNkulunkulu zibanjwe yiGazi laKhe. Awuqondile ukwenza lokhu."

72 Wayesethi, "Qhabo, mnumzane." Wathi, "Ubaba wami wayeyidikoni ebandleni. Ngakhuliswa ekhaya lamaKristu. Umyeni wami nami sasingamalunga aqashayo, futhi saphila impilo yobuKristu. Waqala ukungitshela, emva kokufa kwakhe. . .Wayenamantombazanyana amabili, futhi waphambuka. Nokuthi amantombazane amshiya kanjani, futhi walahla impilo yakhe. Futhi wayecabanga ukuthi alisekho ithemba ngaye.

73 Kodwa ngathi, "Nkulunkulu, yiba nomusa! 'Labo Abazi ngaphambili, Ubabizile.'"

Wathi, "Ngabe unguMfundisi Branham, ovela laphaya ezansi na?"

Ngathi, "Nginguye."

74 Wathi, "Nginamahloni ngami, ukuhlala lapha kanjena." Wathi, "Ucabanga ukuthi lizobakhona ithuba lami na?"

75 Ngathi, "UJesu uzivulile izingalo zaKhe, ulindele wena ukuba uze, nenekazi." Nabanye abantu base beqala ukuthathela phezulu. Ngase ngithi, "Ungaphumela lapha kuleliphansi lendlu kanye nami na?"

Wathi, "Ngizokwenza, mnumzane."

76 Ngambamba ngesandla. Ngathi, "Ucishe ulingane nomama wami ngeminyaka. Ungaguqa nami la, kwiphansi lendlu na?" Futhi lapho kwiphansi lendlu, sanqamula leyondawo ngaleyontambama, yaba ngumhlangano wemfashini endala. NoNkulunkulu wamsindisa lowo wesifazane, ngomusa waKhe. Wagqoka wayeseza emhlanganweni, futhi, ngokwazi kwami, uphila impilo yobuKristu kulokhu ukuhlwa.

77 Kuyini na? O, uNkulunkulu udinga ukuphelela! Udinga ukuphenduka kwakho. Udinga ukwethembeka kwakho kuYe. Kodwa uyabuka kulokhu ukuhlwa. Akunandaba wone kangakanani, ukuthi kancane noma kakhulu kanjani, usalokhu uyisoni, futhi ungeke ungene nganoma ngayiphi indlela kepha ngoJesu Kristu, uMhlatshelo kaNkulunkulu onele konke. Futhi kuYe upheleliswe ingunaphakade. Awukucabange nje! Akuyilutho olwenzayo. Akusiwo amakhasi amasha owaphenyayo. Akusiyo impilo entsha oyiqalayo. Ngukuvunywa kwephutha lakho, nomusa kaNkulunkulu kuwe. Lokho kukuletha ekupheleleni, bese-ke upheleliswa kuJesu Kristu.

78 Ngiyethemba, kulokhu ukuhlwa, mngani wami, siselapha nje kulesikhathi esikhulu esibucayi kangaka manje, lapho khona izinqumo zifanele zenziwe emva kokuzwa loludaba. Kungenzeka ukuthi awuzange uze uzwe ngayo phambilini. Kodwa ungeke uphume komunye waleyominyango ungumuntu ofanayo ongene unguye, ufanele uphume ungongcono noma ungomubi kakhulu.

79 Futhi sisakhothamisa amakhanda ethu umzuzwana nje, ngifuna uke ucabangisise ngamandla amakhulu ngakho. Uthini ngomphefumulo wakho kulokhu ukuhlwa na? UJesu Kristu wakufela.

80 Wena uthi, "Mfowethu Branham, uma ngingakwazi ukuyekela ukubhema, uma ngingakwazi ukuyekela ukuphuza, uma ngingakwazi ukuqondisa lokhu, ngizokwenza." O, kungeke kwenziwa ngokuyikho. Awusoze wakwazi ukukwenza. Kungani nje ungezi ngendlela oyiyo na? Futhi, ngokukholwa, hamba uye kulowoMthombo, onikeza amanxeba akho agelezayo, bese-ke uthando oluhlengayo lube yingqikithi yakho, futhi luyoba yiyo uze ufe.

81 Kungani uthatha isibambiso na? Kungani uzama ukungena ngebandla lakho na? Kungani uzama ukungena ngoba uyeka ukuphuza noma uyeka ukukhuluma amanga na? Woza ngendlela yokupheleliswa! "Ngoba, ngaMhlatshelo munye, Usiphelelise ingunaphakade labo abangcwelisiwe."

"Ngingcweliswa kanjani na?"

82 Vumani izono zenu eBukhoneni beGazi likaJesu; futhi ukuPhila okuvela kuleloGazi, kubuyela esikhonzini, futhi kumngcwelise ezifisweni zezinto zezwe. Ngokuba, ngalowoMhlatshelo owenele konke, Usingcwelisile; ngaMoya munye, sonke sibhaphathizelwe eMzimbeni munye. "Manje akusekho ukulahlwa kulabo abakuKristu uJesu, kulabo abangahambi ngenyama, kepha ngoMoya." Uma uzama ukuhamba ngoMoya, futhi usalokhu usenezinkanuko zenyama, uMhlatshelo awukakabi ngokusetshenziswe ngokwenele kuwe. Kodwa isikhonzi esake sahlanzwa, asinasifiso sesono.

83 Leyo kwakuyiKalvari. Akusiyo indawo yokuthengisa izimbali, noma indawana yokwenza *lokhu* noma *lokho*. Kwakuyindawo lapho uNkulunkulu nomuntu bebuyisana khona. Kwakuyindawo lapho ukuthula nokuphepha okuphelele kwalethwa ebantwini. Ningahamba nami, kulokhu ukuhlwa, mngani wami oyisoni, siye eKalvari, futhi ngokukholwa ubhece leliGazi emphefumulweni wakho uqobo, futhi uvumele uMoya oNgcwele efike bese akungcwelise ngoMhlatshelo waKhe omkhulu?

84 Singakakhuleki, ungaphakamisela isandla sakho kuNkulunkulu, bese uthi, "Yiba nomusa kimi, Nkulunkulu. Manje sengivuma zonke izono zami, kuloluLwesihlanu lwePhasika ebusuku. Futhi ngiyakuthakasela ukuhlushwa okukhulu uKristu angenzela bona. Manje ngidela yonke intando yami, zonke izinhloso zami nayo yonk'into, ukuKulandela kusukela namhlanje, kuqhubekele phambili." Ungasiphakamisa isandla sakho, uthi, "Ngikhumbule, Mfowethu Branham, emkhulekweni. Leso isinqumo senhliziyo yami"? Ngabe ukhona omunye, kulobubusuku obukhulu, sisama isikhashanyana nje? Ngalapha esandleni sami sangakwesokudla, impela kukhona omunye laphaya. Ngabe unamahloni ngezono zakho na? Unamahloni ngokwenzile na?

85 Umhlaba kulokhu ukuhlwa ufuna amaqhawe. Futhi unamaqhawe, ngokukhuluma ngokwenyama.

86 Ngelinye ilanga ngale eSwitzerland, lapho iSwiss Switzerland yayisengcupheni, iqembu elincane lamaSwiss lalibuthene ngaphandle emasimini, ukuvikela—ukuvikela umnotho wawo. Impi enkulu eyayiza eyayinkulu kunabo; babeqeqeshwe bonke, benemikhonto emikhulu nezivikelo. AmaSwiss akukho ayengakwenza ngaphandle kokudela. Babesekelwe phezulu ngasentabeni. Kwase-ke kuba neqhawe elaphumela obala. Kwakumele kube khona ofayo. Futhi uma behlulwa empini . . .

87 Babengenalutho ngaphandle kwamasikela amadala, namadwala, izinduku, ukulwa ngakho. Ngenkathi, impi ezayo ibukeka njengobonda lwesitini. Ukuba bathathwa, amakhosikazi abo athandekayo amancane babeyowadlwengula,

amantombazane abo amancane ayeyodlwengulwa, izingane zabo zaziyobulawa, amakhanda abo ayeyophihlizwa, amakhaya abo ayeyohamba, yonk'into yayizolahleka.

88 Ngakho-ke kwabakhona indoda, ogama layo likhohlwakala kalula, ogama layo kungu Arnold von Winkelried. Waphumela ebaleni, wayesethi, "Madoda aseSwitzerland, namhlanje nginikela impilo yami ngenxa yeSwitzerland." Wathi, "Ngale nje kwalentaba kunekhaya elincane elimhlophe. Nginonkosikazi nabantwana abathathu abangilindele. Kodwa bangeke basaphinde bangibone futhi, ngokuba, namhlanje nginikela ngempilo yami ngenxa yeSwitzerland."

Bathi, "Uzokwenzani, Arnold von Winkelried na?"

89 Wathi, "Ngilandeleni, nenze okwedlula konke okusemandleni enu ngokumele nikwenze."

90 Wayesebuka wangamele umbutho waze wathola imikhonto eqatha. Wase ephakamisela izandla zakhe emoyeni, wagijimela kulolobonda lwezitini lwemikhonto, futhi ememeza, "Yenzani indlela yenkululeko! Yenzani indlela yenkululeko!" Imikhonto eyikhulu zaguquka ukubamba ukuhlasela kwakhe; wajikijela izingalo zakhe emoyeni wase eyiqoqela esifubeni sakhe uqobo, eyambethelela phansi, futhi wafela ngasekugcineni kwaleyomikhonto. Lawo maSwiss amlandela ngezagila nezinduku. Lokho kubonakaliswa okukhulu kobuqhawe kwagquzula lelobutho, aze amaSwiss abashaya abakhiphela ngaphandle kwezwe. Futhi abakaze babenempi kusukela ngalelolanga, ukusukela lapho.

91 Sukuma eSwitzerland usho igama lika-Arnold von Winkelried, uyobona izinyembezi zehla ezihlathini zabo. Ngani na? Wasindisa izwe labo. Lelo kwakuyiqhawe elikhulu ngempela. Akuvamisile ukuthi kungaba nokuqhathaniswa nalo, futhi akuzange kwedlulwe, kulomhlaba.

92 Kodwa, o, kwakuyinto encane eyenzeka ngelinye ilanga! Lapho isizwe sika-Adamu sama, amadimoni amasha engena ezinhlangothini zonke, abaprofethi babehlulekile, umthetho wehlulekile, umhlatshelo wezinkunzi namawundlu wehlulekile, imvelo yomuntu yehlulekile, yonk'into. Nesizwe esincane sika-Adamu sama, sinqotshiwe; sedlulwe ngesibalo ngodeveli, izinkolelo ezingamanga, ukugula, izifo. Kwaba khona Oyedwa owaphumela obala eZulwini, wayesethi, "Ngalelilanga ngizofela isizwe sika-Adamu." Wafika emhlabeni futhi wenziwa inyama. Wabuka phansi ngqo lapho ukukhona bemikhonto babumnyama kakhulu. Ukwesaba okumnyama kakhulu kwabo bonke bomuntu kwakungukufa, futhi Wathatha ukufa wakusondeza esifubeni saKhe. Futhi eKalvari Wakhokha umhlatshelo, wase ememeza, "Yenzani indlela yeNkululeko!"

93 Futhi Wamemeza eBandleni laKhe, "Thathani loKhu eNginishiyele khona, iGazi laMi noMoya waMi, bese nilwa

nganoma yini eninayo." Singanqoba kulokhu ukuhlwa, ngaLokho, mngani. Ungamxosha udeveli kuwe. Sonke isitha esidala esisempilweni yakho, singaxoshwa ngeGazi noMoya kaKristu, futhi ungama uphelele eBukhoneni baKhe. UKristu wayenza indlela!

94 Ungakwenza okungako ngokuthi uphakamisele ingalo yakho kuYe, bese uthi, "Ngithethelele"? UNkulunkulu akubusise, mfowethu. Omunye futhi, "Yiba nomusa kimi, Nkulunkulu, manje ngivuma amaphutha ami"?

95 Ngabe likhona ilunga lebandla elisivivi eliya esontweni malanga onke, futhi mhlawumbe lizama ukuba mnene ngelingakwazi, kodwa nokho ube wazi ukuthi lololaka nokungabinandaba, nokuzicabangela wena, nemikhuba iyakucindezela phansi uze ungabi nokunqoba na? Ungafuna ukuhlanzwa ngeGazi, kulokhu ukuhlwa, kukho konke lokho na? "Ngokuba isikhonzi esake sahlanzwa asisenaye unembeza . . ." Ungathanda ukuphakamisa isandla sakho, wena lunga lebandla na? UNkulunkulu akubusise, nenekazi. Phakamisa izandla zakho bese uthi, "Mfowethu Branham, ngikhumbule emkhulekweni." UNkulunkulu akubusise, nenekazi. Lokho kuhle. Lokho kungokwempela . . . Leyo yinto yangempela okumele uyenze. UNkulunkulu akubusise emuva lapho, mnumzane.

96 Omunye phakamisa isandla sakho, uthi, "Yiba nomusa kimi, Nkulunkulu. Ngiyazi ngiyabuvuma ubuKristu, kodwa angibuphili. Ngiyazi angikwenzi. Futhi enhliziyweni yami, angikho kahle naWe. Ngifuna ukuba ngomunye wabakhethiweyo bakaNkulunkulu. Ngiyazizwela enhliziyweni yami ukuthi ngiyafuna, kodwa angikaze ngibeke eceleni imithwalo esindayo engibangela izinkinga kalula. Futhi ngifuna ukuyibeka eceleni kulokhu ukuhlwa. Futhi, ngomusa kaNkulunkulu, ngizokwenza. Ngikhulekele." Ungasiphakamisa isandla sakho na? UNkulunkulu akubusise, dade. Omunye futhi. Kancane nje, silindile.

97 Sisalinde ngokuthula, wonku'muntu manje namakhanda enu ekhothame emkhulekweni, ngokuthula hamishani leli manje.

> KunoMthombo ogcwaliswe ngeGazi,
> Elimuncwe emithanjeni ka Imanuweli,
> Nezoni zibhukuda ngaphansi kwelaKhe . . .
> Lisusa lonke ibala lazo lecala, susa . . .

98 Ungeke wakucabangisisa manje na? Ungazami ukukugeza. UKristu usesandleni sakho.

99 UPilatu wakuzama, kulokhu ukusa, ngezikhathi zehora lesithupha nqo; kodwa izandla zakhe ziselokhu zinegazi, igazi lecala. Uyazi kwenzekani kuye. Wanyukela eSwitzerland, iminyaka eminingi kamuva, walahlekelwa ngumqondo wakhe,

wazigxambuzela esizibeni samanzi wafa. Kulokhu ukusa, eSwitzerland, amakhulu ebantu ayeza ukuzobuka isehlakalo, amanzi aluhlaza sasibhakabhaka ayabila ephuma phansi kulowomgodi omkhulu wamanzi. Bakwenza minyaka yonke. Kuyindaba endala, basho ukuthi uNkulunkulu wala amanzi ukuba ahlanze izandla zakhe.

100 Mfowethu, akunendaba ukuthi ubhabhathizwe kangaki, noma yini ozama ukuyenza, akukho okuyohlanza izandla zakho ngaphandle kweGazi likaKristu. UNkulunkulu wakwala. Namanzi aluhlaza sasibhakabhaka, emva kweminyaka eyinkulungwane ezimbili, cishe, asalokhu esabila. UNkulunkulu uyakwala. Ukulunga kwakho ngeke kuhlanze izono zakho. Akukho okunye ngaphandle kweGazi likaJesu! Kucabange manje. Sizokhuleka, umzuzwana nje.

101 Angazi noma ngingabuza into ethize yini kulokhu ukuhlwa. Ngenkathi Eme lapho ehholo lokwahlulela likaPilatu, kulokhu ukusa, wayesethi, "Ukube uMbuso waMi ubungowalomhlaba, beNgingakhuluma noBaba waMi futhi masinyane nje Ubeyothumela olegiyoni abayishumi nambili beziNgelosi." Lapho, oyedwa wabo ebengabhubhisa umhlaba. "Bengiyokhuluma naYe, nolegiyoni abayishumi nambili beziNgelosi bebeyovele bebekhona lapha eduze naMi." Wayengakwenza. Kodwa Wama lapho, engomnene nothobekile, ukuzothatha ukufa kwakho futhi athathe izono zakho.

102 Ungaba nokubonga ngokwenele ngalowoMhlatshelo kulokhu ukuhlwa, nina eniwudingayo, futhi nidinga izibusiso zikaNkulunkulu, beningama ngezinyawo zenu ngalomkhuleko na? Manini nje ngezinyawo zenu, nina enifuna ukukhunjulwa kulomkhuleko, nithi, "Nkulunkulu, yiba nomusa kimi. Nginecala, ngenze izinto kabi, futhi manje ngifuna ukwemukela ukuxolelwa kwami ngoKristu uJesu." Beningama ngezinyawo zenu nje kulesisikhathi na? UNkulunkulu akubusise, dade omncane. Leso yisibindi. Qhubekani nime lapho.

103 Ngabe uqonde ukungitshela ukuthi uphakamise isandla sakho, futhi awuqotho ngokwenele ukuba ume ngezinyawo zakho na? Yini okuhle iVangeli elake lakwenzela khona na? O, ukudlala okungaka nebandla, ukudlala ngoNkulunkulu! Ihora lisondele masinyane, ngelinye lalamalanga ibhomu le-athomu lizoshaya khona ngapha ndawana thize, kwenye yalemishini kaphawoda emikhulu. Kungeke kube khona ngisho ingxenye yomzuzwana ukuba ukucabange. Kuyobe sekuleyithi kakhulu ngalesosikhathi, futhi mhlawumbe ngaphambi kwePhasika elilandelayo, noma kuleliPhasika. Bewungeme manje, uthi, "Nkulunkulu, yiba nomusa kimi, isoni. Manje sengemukela uKristu, ngokuzinikelela Yena uqobo njengesihlawulelo ngezono zami. Nangomusa waKhe, nomusa waKhe wodwa, ngihlala eBukhoneni bukaNkulunkulu." Ungalivuma iphutha

lakho na? Lowo ofihla izono zakhe angeke aphumelele. Lowo ovuma izono zakhe, unomusa. Kukuwe. Ubhekile.

104 Manje, iNkosi yethu eBusisiwe, esibalweni esifanele kulokhu ukuhlwa kume imiphefumulo emithathu ezisolayo, owesilisa oyedwa nabesifazane ababili.

105 Ngisacabanga, Nkosi, ngeKalvari, lapho omunye kolunye uhlangothi, wathi, "Nkosi, ngikhumbule uma Ufika eMbusweni waKho"; omunye wathi, "Uma Unguye, ake sibone isimangaliso, sethule esiphambanweni futhi Uzisindise uqobo." Nomunye wathi, "Nkulunkulu, yiba nomusa kimi." Futhi nekhanda laKho laphendukela ngasohlangothini lwayo lwesokudla, wase uthi, "Namuhla uyakuba naMi eparadesi." Kodwa Wathula komunye, ngoba akaphendukanga.

106 Futhi, Baba Nkulunkulu, ngiyakhuleka ukuthi laba mhlawumbe. . . Ngizokwethemba ukuthi yibo bobathathu kuphela esakhiweni, ozizwela ukuthi badinga ukuvuma amaphutha abo. Kodwa ukuthi beze ngendlela eyenele konke, ngendlela yesiphambano. Bathethelele, Nkosi, futhi ubabusise. Bami lapha kulokhu ukuhlwa; njengoba Wabamela, ehholo lokwahlulela likaPilatu; njengoba Wabamela, phakathi kwamaZulu nomhlaba, ngenkathi ilanga lishona nenyanga yanganikeza ukukhanya kwayo, neveyili lethempeli ladabuka kusukela phezulu layophuma phansi. Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzobabusisa uphinde ubanike umusa waKho omningi, futhi ubahlanze ngeGazi laKho. Futhi ubabhabhathize ngaMandla aKho angcwelisayo, eMzimbeni weNdodana yaKho uQobo, uKristu uJesu, ngakho balondolozelekelwe isikhathi nePhakade. Busisa abanye abezwa ukuthi bakahle, ukuthi sebevele bahlangabezane nalokhu futhi benza kanjalo. Ngikhulekela lesisibusiso kubo, eGameni likaKristu. Amen.

107 UNkulunkulu anibusise. Futhi nina enime eduzane nalabo abasukumile, finyelelani kubo bese nibaxhawula, omunye, bese uthi, "INkosi ikubusise," kulungile, njengesandla senhlanganyelo.

108 Manje sesithe ukuba leyithi kancane ezinkonzweni zethu. Bangaki othanda iNkosi uJesu, phakamisa isandla sakho? Ngiyamangala, ngokuthula manje, noma ngokuthula nje esingakwazi, esikhumbuzweni saKhe ongosezindaweni zonke, Olapha kulokhu ukuhlwa, uma besingacula kancane.

> Kwakusezansi esiphambanweni lapho uMsindisi wami wafa khona,
> Ezansi lapho ngakhalela ukuhlanzwa esonweni;
> Lapho enhliziyweni yami (ngesikhathi uhlangane nesidingakalo, wabeka izandla

zakho kuLo), lapho enhliziyweni yami iGazi labhecwa;
O, udumo eGameni laKhe!

Asiculeni kancane manje, sisakhothamisela amakhanda ethu kuYe.

Ezansi esiphambanweni lapho uMsindisi wami wafa khona,
Ezansi lapho ngakhalela ukuhlanzwa esonweni;
Lapho enhliziyweni yami iGazi labhecwa;
Udumo eGameni laKhe!

Udumo eGameni laKhe, iGama eliligugu!
Udumo eGameni laKhe eliligugu!
Lapho enhliziyweni yami iGazi labhecwa khona;
Udumo eGameni laKhe!

109 Manje ngokuthula, namakhanda enu ekhotheme. Wena osindisiwe, yithi, "O . . ." Phakamisa isandla sakho manje.

O, Mthombo oligugu ongisindisa esonweni!
Ngijabula kakhulu ukuthi ngingenile;
Lapho Jesu uyangisindisa futhi angigcine ngihlanzekile;
Udumo eGameni laKhe!

Udumo eGameni laKhe eliligugu!
Udumo eGameni laKhe eliligugu!
Lapho enhliziyweni yami iGazi labhecwa khona;
Udumo eGameni laKhe!

110 Manje nezandla zenu zehlisiwe, amakhanda enu ekhotheme. Ngicabangile nje; kukhona oshayile emizuzwaneni embalwa edlule, futhi wathi kukhona othize ofuna ukukhunjulwa emkhulekweni, ngomzimba yabo. Abakwazi ukubuya emhlanganweni wangeSonto ebusuku, ngenkonzo enkulu yokuphiliswa. Ungama ngezinyawo zakho, wena ofuna ukukhunjulwa kulowomkhuleko manje nje na?

. . . enhliziyweni yami iGazi labhecwa khona;
Udumo eGameni laKhe!
Udumo e . . .

111 Manje namakhanda enu ekhotheme. "Walinyazwa ngenxa yeziphambeko zakho, wachotshozwa ngobubi bakho, ukujeziswa kokuthula kwakho kwakuphezu kwaKhe, futhi ngemivimbo yaKhe waphiliswa."

Udumo eGameni laKhe!

112 Manje, Baba oBusisiwe, sisasondela ngokuzithoba esiphambanweni njengamanje, lapho umusa nesihawu kwangithola, lapho eKhanya kakhulu neNkanyezi yoKusa

iveza imisebe Yayo ngakimi. Laba abagulayo bemi eBukhoneni baKho. Bayakholwa njengamanje, ukuthi ngokukholwa, babuka lowomhlane owadatshulwa, ngale. “Futhi ngemivimbo yaKhe saphiliswa.” Baba oNgcwele kakhulu, siza sivuma ukukholwa kwethu, sikholwa ukuthi Uphilisa imizimba yethu egulayo, ekuhlushweni okumele okukhulu esikubonile kweNkosi uJesu. Futhi sinikela lona abantu omile, umkhuleko wokukholwa, Owethembisa ukuthi uyosindisa abagulayo. Futhi thina, ndawonye, njengobunye bamakholwa aKho kulokhu ukuhlwa. Wathi, “Lapho kubuthene ababili noma abathathu, Ngiyobakhona kanye nabo.” Futhi sibacelela umusa, ukuthi umusa waKho kwangathi manje ungathinta ngaphakathi ekujuleni kompefumulo wabo, ukuthi okuthize kuzobambelela phansi ekujuleni; ukuthi bazokwazi ukuthi uKristu ulapha futhi ukhulumile nabo, wathi, “Mntwana ongoWami, Ngithathe ngakususa ukugula kwakho ngale eKalvari. Manje phonsa ukukhathazeka kwakho konke kiMi, ngokuba Ngiyakukhathalela.” Futhi kwangathi bangaphiliswa, konke ukuhlakanipha, ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Amen.

113 Futhi besahlala phansi manje, umuntu oseduzane nabo, beka izandla zakho phezu kwabo, umuntu obekade ebakhulekela. IBhayibheli lathi, “Bayakubeka izandla zabo kwabagulayo; bayakusinda.” INkosi ibusise.

114 Uma ngingaphosisi, ngabe angibuki indoda ephiliswe lapha ezinsukwini ezimbalwa ezedlule, noma emaSontweni edlule ambalwa, ebiyisithulu noma okuthize ezindlebeni na? Ngiyakubona uthokozela umhlangano kulokhu ukuhlwa. Ungizwa kahle manje na? Lokho kuhle. Kuyamangalisa! Sukuma nje ume ngezinyawo zakho umzuzwana nje. Bangaki abamkhumbulayo elapha na? Futhi wedlula emgqeni womkhuleko, ngamletha phezulu eplatifomu, neNkosi yamphilisa yamsindisa. Ayibusiswe iNkosi! Ngiyabonga, mfowethu, ngobufakazi bakho. Bekungaba ngamadazini! Kodwa Akamangalisi na?

115 Manje, sifuna ukunibona kusasa ebusuku, kusenesikhathi. Bese kuthi-ke ngeSonto ekuseni, kusenesikhathi. NgeSonto ntambama, futhi uma ningabuyela inkonzo yokuphiliswa ngeSonto ebusuku. Size sibonane, asisukumeni bese sicula iculo lethu lokuphuma, “Hamba NeGama LikaJesu.”

Hamba neGama likaJesu,
Mntwana wokudabuka nowosizi;
Liyakukunika injabulo nentokomalo . . .
(Phendukani bese nixhawulana manje nawo wonke umuntu.)
Lithathe noma uyaphi.

Gama eliligugu, (phendukani nixhawulane), O, limnandi kangaka!
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu;
Gama eliligugu, Gama eliligugu, O limnandi kangaka! Limnandi kangaka!
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu.

Manje bukani ngalapha.

NgeGama likaJesu siyakhothama,
Siwa sikhuleka ezinyaweni zaKhe,
INkosi yamakhosi eZulwini siyoYiqhelisa,
Lapho uhambo lwethu selufeziwe.

Gama eliligugu, O limnandi kangaka! O limnandi kangaka!
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu;
Gama eliligugu, O limnandi kangaka! Limnandi kangaka!
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu.

116 Manje khumbulani ikhwaya yakwaNeville, ukusakazwa kweqembu losicula ngabane ekuseni, iWLRP, ngehora lesishiyagalolunye nqo. NoMfowethu Stricker uza kusele imizuzu elishumi nanhlanu lingakashayi ihora leshumi, ngeSonto ekuseni. Bengimenzela iteyipu nje kulentambama, ngovuko.

117 Futhi manje, size siphinde sibonane, izibusiso zeNkosi zibe nani, sisakhothamisa amakhanda ethu. Futhi ngizocela umngani wami omuhle nongumfowethu, uMfowethu Palmer, ovela eMacon, eGeorgia, uma ezokhulula lesi izethameli ngezwi lomkhuleko, sisakhukela. Mfowethu Palmer.

*UKuphelela* ZUL57-0419

(The Perfection)

Uchungechunge LweziMvuselelo zePhasika

LoMlayezo ngoMfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngoLwesihlanu lwePhasika kusihlwa, ngo Apreli 19, ngo 1957, eTabernakele likaBranham eJeffersonville, eIndiana, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2017 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

Voice Of God Recordings, South Africa Office

58 Disa Road, Admiral's Park, Gordon's Bay 7140 Western Cape

Republic Of South Africa

Voice Of God Recordings

P.O. Box 950, Jeffersonville, Indiana 47131 U.S.A.

www.branham.org

